


IBANGA LESI-3 ULIMI LWASEKHAYA

Kuyamangaza yize kuyiqiniso



ISIZULU



Incwadi yesi-

3



Ukufunda ngamaqembu okuholwayo

Ngaphambi kokufunda

- Phenya amakhasi endaba abazoyifunda.
- Tshela abafundi ukuba baqagеле ukuthi indaba izoqhubeka kanjani uma kususelwa esihlokweni nasemifanekisweni.
- Ngenisa amagama amasha noma alukhuni ngaphambi kokuba abafundi baqale ukufunda incwadi.
- Yenza amakhadi amagama ukwethula amagama amasha. (Thola uhlwana amasha ngaphakathi.)

Ukufunda kokuqala

- Abafundi kumele bafunde itekisi ngamunye.
- Abafundi kumele bafunde bethule noma "balifunde ngokuhleba" itekisi.
- Suka kumfundu uye kolandelayo, ucele umfundu ngamunye ukuba afunde isigaba setekisi kuzwakale.

Ingxoxo

- Funda imibuzo yokuqondiswa esuselwa etekisini.
- Gxila kumafoniki, amagama abonwayo (asaziwa) namagama amasha.
- Uyothola imisebenzi esekugcineni kwale ncwadi ilusizo ekuholeni ingxoxo. (Khetha imisebenzi efanele izinga labafundi.)

Ukufunda kwesibili

- Ezinsukwini ezilandelayo, tshela abafundi ukuba bayifunde futhi incwadi, ngababili noma ngamunye.
- Gxila ekufundeni kahle, uhlelo lolimi namagama amasha.
- Abafundi mabaqedele imisebenzi yeqembu eholwayo etholakala ngemuva kwale ncwadi. (Khetha imisebenzi efanele izinga labafundi.)

Abafundi mabadlale balingise okwenzeka endabeni uma umbhalo ukuvuma lokho.



Abafundi kumele benze imisebenzi yokufunda ngamaqembu ngemva kokufunda. Abafundi mabasebenze ngamaqembu ukujedela imisebenzi efanele etholakala ngemuva kule ncwadi. Imisebenzi ebhalwayo kumele yenzelwe ezincwadini zokubhalela, hhayi kule ncwadi.


Kuyamangaza yize kuyiqiniso

Uthi bewazi nje?

Awukwazi ukuthimula uvule
amehlo.



Kokubili indlulamithi
nomuntu
kunamazongwe
(amathambo)
ayisikhombisa ezintanyeni
zakho. Izindlulamithi zisebenzisa
izintamo ezinde ukufinyelela
emaqabungeni asemagatsheni
aphezulu emithini, kanti
izinyamazane zona
zifinyelela kwasezansi
nomuthi.



Uthi bewazi nje
ukuthi ulimi lwendlulamithi
lude kangangokuba ikwazi
ukukhatha indlebe yayo?




Bewazi nje ukuthi
izimfene, amashimpanzi,
zihlakaniphe ngempela?



Angafundiswa ukubona izinombolo. Kuthiwa
ayashesha kunabantu ukubona izinombolo.

Uthi bewazi nje?
Ezinye izilwane
ziyashesha ukuguqula
imibala yazo ukuze
zizifihle, zingabonakali
uma kunesidingo salokho.



Uma unwabu noma
imbambele (i-okthophasi)
isuka endaweni ebihlezi kuyo
iya kwenye, umbala wesikhumba
uyaguquka ufane nowendawo entsha ukuze
ingabonwa yizitha zayo.




Uma imbambela
ihlaselwa ikhipha
ifu nje lokusayinki
omnyama oluma lokho
okuyihlaselayo.



Olunye uhlobo lwenhlanzi lunephethini emsileni elibukeka njengeso. Uma esinye isilwane sizama ukuhlasela lenhlanzi, sibuka leso bese sicabanga ukuthi sihlasela ikhanda laso kanti umsila waso. Lokhu kusiza inhlanzi ukuba ibaleke.


Imikhoma emikhulu
ihamba amabanga
amade ukuyofuna ukudla.
Ihlala emanzini abandayo
eNyakatho, kodwa uma
sekuba makhaza kakhulu
iyemuka iye emanzini afudumele
eNingizimu. Ingatshuza ibanga
elingamakhilomitha ayisi-8
ngehora, okucishe kulingane
nokugijima kwakho.

Uma amanzi eseqala ukubanda
eNingizimu, ibuyela
eNyakatho.
Imikhoma ihamba
izinkulungwane
zamakhilomitha
ngaleyo naleyo nkathi
onyaka.



Brr...

Brrrr...






Umsindo osakhwela
owenziwa ngumkhoma
oluhlaza ungezwakala
endaweni ekude
ngamakhilomitha
angama - 850.



Uthi bewazi nje?
Izitshalo ezechlukene
ezingaphezu
kwama - 600 zidinga
ukudla izinambuzane ukuze
ziphile. Eziningi zazo zibamba
impango yazo ngokuyivalela
ngamakhasi azo masinyane,
noma ukusebenzisa okusanomfi
okwenza ukuba izimpukane
zibhajwe, bese zidliwa.
Emva kwalokho isitshalo
leso sikhapha ama - asidi
asigaya njengokudla
isinambuzane.
Awu!






b

Kamuva nje indiza ehanjiswa ngamandla elanga ijikeleze umhlaba. Ibingasebenzisi sona isibaso esejwayelekile, kodwa amandla avela elangeni. Emini ibiqoqa amandla enele ukuze indize ngawo ebusuku.






Amandla elanga
ahlanzekile,
awawunukubezi

umoya, umhlaba noma amanzi; kanti amandla
elanga lawa maningi ngokwanele. Amandla
elanga afinyelela emhlabeni ngosuku,
angasinika amandla esingawasebenzisa
unyaka wonke. Kumele sithole izindlela
ezingcono zokuwaqoqa la mandla elanga.



Yinyoka!

Yinhlanzi!



Inyoka endizayo!

Izinyoka ezindizayo zitholakala emahlathini emvula, ase - Asia. Le nyoka ikwazi ukundiza isuka emthini omunye iya komunye. Ikwazi ukundiza iye phezulu ibuye iye phansi, kanti iyakwazi futhi nokuhuhuluza phansi.



Yindiza!

Yinyoni!


Zingaphezu kwama - 60
izinhlobo zezinhlanzi
ezingandiza. Lezi zinhlanzi
eziyisimanga zikwazi
ukugxuma ziphume
emanzini, zishwibeke
emoyeni ukubalekela
izilwane zasemanzini
ezifuna
ukuzidla.





Uthi bewazi nje? Ungenza imbali iguquke umbala ngokwengeza emanzini asevasini u-inki noma okokufaka umbala ekudleni. Linda isikhashana nje, uzobona izigcebe (amaphetheli) zembali seziguquka umbala. Lokhu kudalwa ukuthi amakhaphilari noma imithambo emincane esezintini zembali ihambisa umbala ezigcebeni zembali.





Ukuphepha endleleni eya esikoleni

Ezinye izingane kumele ziwele amabhuloho angaqinile, noma zihambe emaweni asezintabeni ezindleleni ezimbi kabi ukuze zifinyelele esikoleni.

Ezinye ziguduza emahlathini esabekayo ziphikelele khona njalo esikoleni.

Ngabe zikhona izingozi obhekana nazo endleleni ebheke esikoleni?



Ukudonsa kukazibuthe

Uthi bewazi nje ukuthi
uma ubambela uzibuthe
esihlabathini noma ngaphezu
kwaso, noma eduze kwebhokisi
lamapensele, imvuthu encane
yezinsimbi iyanamathela
kuzibuthe lowo?





Bewazi nje ukuthi intulo
okuthiwa yigekho ikwazi ukukhuphuka
ngodonga izinyawo zayo zingaluthintile?
Uma izinyawo zakhona zisondelene nobuso
bento emi mpo uboyana obungabonakali
obusezinzwaneni zayo buvusa indawo
engabonakali enozibuthe. Lokhu igekho
"kuyidonsela" odongeni - njengoba kwenzeka
kuSpiderman! Lokhu kwenza igekho ikwazi
ukushesha kakhulu nokunamathela kakhulu
futhi entweni.




Konje uferi wamazinyo
uvakasha kangaki?
Abantu banamasethi
amabili amazinyo.
Ezingwenyeni kumila
amazinyo amasha njalo
eminyakeni emibili,
kanti emagundaneni
amazinyo awaze
angaphuma nhlobo.
Alokhu ekhula nje.



Uthi bewazi nje?
Izinyo lendlovu
isisindo salo
zingalingana
nesamabhakede
amanzi ayisi - 8.

Awucabange nje ukuthi
kunjani ukuhamba uthwele
isisindo esingako.

Kanti uma ucabanga ukuthi
imvubu inamazinyo amane
kuphela uyaphaphalaza. Uma
imvubu ihlafuna isebezisa
amazinyo angama - 40 alena
emuva emihlathini yayo.



Ngobani ompetha
abakhulu ekugxumeni?

Izinsephe
zingagxumela
phezulu zibuye
ziye kude. Abadlali
abaphambili
bayakwazi ukugxuma
baye phambili bedlula
amamitha ayisishiyagalombili,
kanti ikhangaru yase - Australia
igxuma ize ifinxelele emamitheni
ayi - - 13. Ibhubesi lase - Afrika
lingagxuma amamitha ayi - 10.





Kodwa izenze ngumpetha ngempela. Lingagxuma ibanga eliphinda ubukhulu bomzimba walo izikhathi ezingama - 300. Ake ucabange nje ukuthi ukuba izenze linguhhafu wesentimitha ubude, lingaxuma likweqe ekhanda. Ukuba umuntu ubenamandla okugxuma anjengawezenze, ubengagxuma eqe inkundla yebhola likanobhutshuzwayo.

Ngiyaphumelela!



Imisebenzi yokufunda ngamaqembu



1

Bheka izithombe. Ungasho yini ukuthi yiziphi izilwane ezizifihla ngokudida imibala?

1



2



3



4



5



6





2

Tshela umngani wakho ukuthi umusho ngamunye uyiqiniso yini noma ungamanga.

	IQINISO	AMANGA
i. Amashimpanzi ahlakaniphe ngempela.		
ii. Imikhoma emikhulu iya kude ifuna ukudla.		
iii. Kukhona izitshalo ezidla izinambuzane.		
iv. Amagekho awakwazi ukukhwela odongeni.		
v. Izinsephe zikwazi ukugxumela phezulu ziye kude.		
vi. Imvubu inamazinyo amane kuphela.		
vii. Kukhona izilwane ezizifihla ngokudida imibala.		
viii. Abantu banamasethi amabili amazinyo.		
ix. Izinyoka ezindizayo zihlala ehlathini lemvula.		
x. Ungathimula uvule amehlo.		



3

Izilwane ezincelisayo zinoboya noma izinwele. Yenza uhlu lwazo zonke izilwane ezincelisayo ongahle uzacabange. Sebenzisa okhefana ukwehlukanisa amagama asohlwini.



4

Izilwane ezihuquzelayo zinamazekece, zivame ukungakwazi ukundiza. Yenza uhlulwazo zonke izilwane ezihuquzelayo ongazicabanga. Sebenzisa okhefana ukwehlukanisa amagama.



5

Bhalakabusha le misho usebenzise izimpawu zokubhalaezifanele.

- i. uthi bewazi nje ukuthi amashimpanzi ahlakaniphe ngempela
- ii. amazinyo amasha ezingwenya amila njalo eminyakeni emibili kanti awamagundane awaphumi nhlobo
- iii. izindlulamithi zisebenzisa izintamo zazo ezinde ukufinyelela emagatsheni aphezulu emthini



b

Qondanisa la magama nezincazelo zaho. Emva kwalokho sebenzisa amagama ukwakha imisho yakho.

insephe

amazonongwe

phaphalaza

yemuka

unobhutshuzwayo

jikeleza

ophumelelayo

inyamazane

zungeza

ibhola

amathambo

hamba

IBANGA LESI-3 ULIMI LWASEKHAYA



Incwadi yesi- 3

Isihloko:	Kuyamangaza yize kuyiqiniso
Ulimi:	IsiZulu
Izinga:	Incwadi yokufunda yeBanga lesi-3, Izinga lesi-3 Icwadi yesi-3
Uhlobo lombhalo:	Indaba
Amagama ajwayelekile:	imfene, umbala, emanzini, inyoni, izilwane, gjijima, umsila, ebusuku, indiza,
Ulwazimagama:	umpetha, amazongwe, phaphalaza, unobhutshuzwayo, yemuka, isibaso, uzibuthe, guduza, impango, huhuluza, jikeleza yemuka, imbambela, izigcebe, amazekece
Imisindo:	Ibizwa ngokwehlukene eminye imisindo ebhalwe ngokufanayo, isib. u-mb kula magama: imbali,umbala, imbambela. Kunamagama abizwa ngokufanayo esho okwahlukene: isib. "impukane" yisinambuzane noma inyama ethile enkomeni.
Okuqukethwe, imiqondo namakhono:	<ul style="list-style-type: none">▪ Uxoxa ngezithombe.▪ Uthola ulwazi emibhalweni engasuki ekhanda asho ukuthi izitativende ziyiqiniso yini noma cha.▪ Ubhala uhlu lwezinto asebenzise okhefana.▪ Ufaka izimpawu zokubhala ezifanele.▪ Uqondanisa amagama nezincazelo zawo.

ICAPS ifuna ukuba othisha babeke eceleni isikhathi nsuku zonke sokubhekana nokufunda kweqembu okuholwayo. Ukufunda kweqembu okuholwayo kudinga abafundi asebesezingeni elifanayo lokwazi ukufunda umbhalo ofanayo emaqenjini. beholwa nguthisha.

Ekufundeni ngamaqembu okuholwayo. othisha bahola abafundi abasezingeni elifanayo lokufunda ekufundeni incwadi efanayo beseqenjini.

Isikhathi sokufunda kumele simbandakanye izinhlobo zamasa ehlukahlukene zokufunda nokuqondisisa okudingwa abafundi uma befunda.

Isu lokufunda ngempumelelo lidinga futhi ukuxoxisana ngombhalo phakathi kukathisha nabafundi, naphakathi kwabafundi emaqenjini.

Lezi zincwadi zinemisebenzi yokuqondisisa kanye neminya ehambelana nokufunda ngokuqondisisa ukusiza othisha ukuze bakwazi ukuhola ukufunda ngamaqembu emakilasini.



9 781431 525508

ISBN 978-1-4315-2550-8



**THIS BOOK MAY NOT
BE SOLD.**



basic education

Department:
Basic Education
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

Published by the Department of Basic Education
222 Struben Street, Pretoria
South Africa

© Department of Basic Education
First edition 2016

The Department of Basic Education has made every effort to trace copyright holders but if any have been inadvertently overlooked, the Department will be pleased to make the necessary arrangements at the first opportunity.

Ezinye izincwadi eShalofini
Lezincwadi zeBanga lesi-2
zoLimi Lwasekhaya.



Unogwaja uqinela impungushe

Isigameko sasolwandle

Kumnandi ekhishini

**Idayari yabantwana
abakhonondayo**



Zega-ke izilwane

UThandi unosuku olubi

Impelasonto ekhumbulekayo



Kunenunu ekhabetheni lami

**Kulahleke amakhekhe
asankomishi**

Kuyamangaza yize kuyiqiniso